


Ukugqoka kanye Nokunakekela

Ukuhlanza Nokunakekela Isembozo Sangaphakathi kanye Nengxenye Esele Yesitho Sakho


Ukuhlanza Isembozo Sangaphakathi

Isinyathelo 1: Khumula Isembozo Sakho Bese Usiwasha




Qala ngokukhumula isembozo bese usiphendulela ngaphandle, usihlanekezele ukuze ulwelwesi lwaso oluyisilikhoni luvele obala. Siwashe ngamanzi afudumele usebenzisa insipho emaphakathi ngokwamandla engasihlukumezi isikhumba, futhi engenayo i-esidi ne-alikhalayini (pH-neutral).

Isinyathelo 2: Sihlambululise




Ngemuva kokusiwasha, sihlambulule ngokucophelela ngamanzi afudumele isembozo. Lesi sinyathelo sibaluleke kakhulu ekukhucululeni noma yiziphi izinsalela zensipho, okungenzeka zihlukumeze isikhumba. Uma uthanda, ungasiwasha futhi nangomshini isembozo emanzini asezingeni lokushisa elingama-40°C usebenzise insipho emaphakathi ngokwamandla, kodwa-ke kumele ukugweme ukwenza lokhu nsukuzonke ukuze uvimbele ukuguga kwendwangu yesembozo. Ungalokothi usebenzise izithambisi-ndwangu, izigqamisi-mibala noma imikhiqizo yokuhlanza impahla enamandla ngokweqile njengoba lokhu kungasilimaza isembozo.

Isinyathelo 3: Sisule Bese Usihlola Isembozo



Uma ususihlambululile, sisule nhlangothi zombili isembozo usebenzisa ithawula elingenazo izinhlayiyana nemicwana yendwangu eqothukayo. Leli yithuba elihle lokubheka nokuhlola noma yimuphi umonakalo ongaba khona kusona noma ukuguga kwaso, njengezimpawu zokuklebhuka, izimbobo noma ukuhhdleka engxenye engaphandle yesembozo, njengoba lokhu kungenzeka kuphazamise ukusebenza kahle kwesembozo futhi kuholele ezinkingeni zesikhumba. Uma ubona noma yimuphi umonakalo, wubike ngokushesha kungoti wakho wezitho zokufakelwa.

Isinyathelo 4: Isembozo Masilungiselelwe Ukusetshenziswa Okulandelayo




Isembozo sakho ungasisebenzisa futhi ngokushesha emuva kokusiwasha; akudingekile ukuthi usineke ubusuku bonke ukuze some khweqe. Qinisekisa ukuthi isembozo usiphendulela ngaphakathi ngokushesha ukuze ikhava yendwangu ibe ngaphandle. Sineke ukuze sishaywe umoya, endaweni enjengohlaka lokuneka amathawula. Gwema ukuhlangana kwesembozo nengilazi, ikhabhoni fayibha, noma ezinye izinhlayiyana zangaphandle, njengoba lokhu kungadala ukuhlukumezeka kwesikhumba. Futhi, ungasishiyi isembozo isikhathi eside sihlanekezelwe noma usishiye endaweni lapho sizohlangabezana khona nokushisa okweqile noma ilanga.



Bukela Ividiyo


Ukunakekela Ingxenywe Esole Yesitho Sakho

Ukuzijwayeza Isembozo




Uma usasigqoka okokuqala isembozo sakwa-Össur noma uma usuthole esinye esithatha indawo yesidala, kubalulekile ukuthi uzinikeze isikhathi sokuzijwayeza isembozo esisha. Qala ngokusikhuphula kancane kancane isikhathi ogqoke ngaso isembozo, ngokuthi wengeze ihora, uphinde futhi ngokuhamba kwesikhathi wengeze elinye. Lokhu kuzosiza isikhumba sakho ukuthi sikwazi ukujwayela ukucindezeleka okusha. Khululeka ungabi nenkinga uma ufuna ukuzinikeza ikhefu lapho uzwa kudingekile, futhi emuva kweviki lokuqala, usungasigqoka isikhathi eside ngangkuthanda kwakho isembozo sakho.

Ukugeza Ingxenywe Esole Yesitho Sakho Nsuku Zonke



Ukugeza ingxenywe esole yesitho sakho nsukuzonke kubalulekile ukuze isikhumba sakho sihlale siphilile. Sebenzisa insipho emaphakathi ngokwamandla futhi enokulingana okuhle phakathi kwe-esidi ne-alikhalayini (pH-balanced), engenawo amakha futhi engenawo udayi. Lokhu kuyaqinisekisa ukuthi isikhumba sakho sihlale sihlazekile futhi kungabi khona ukuhlukumezeka kwaso. Khumbula, isembozo esihlanzekile siyisinyathelo sokuqala esiya ekubeni nesitho esinqunye esingumqemane!

Ukwenza Isikhumba Sihlale Siswakeme kanye Nokunakekelwa Kwesikhumba



Isikhumba esiswakeme ngendlela efanele sibalulekile ekutheni uhlale unesikhumba esiphilile. Gcobisa isithambisi-sikhumba kusihlwa ngenhloso yokondla nokuthambisa isikhumba sakho. Kodwa-ke, kugweme ukugcobisa amafutha esikhumba ngaphambili nje kancane kokugqoka isembozo sakho, njengoba lokho kungasenza simonyuke. Ngaphezu kwalokho, phuza amanzi amaningi futhi ucabange ukuthi kungebe kuhle yini ukuthi usebenzise isivimbela-mjuluko ukulawula ukujuluka, okuyinto engasiza ukuvimbela izinkinga zesikhumba. Ungalokothi Udembesele Uzithathe Njengento Engasho Lutho Izinkinga Zesikhumba: Uma ubona noma yibuphi ububomvu besikhumba obuncane, kusihlwa gcobisa ukhilimu wokuqubuka. Uma kwenzeka utheleleka ngesifo esibangelwa amabhakthirya, yeka ngokushesha ukusebenzisa isembozo futhi ubonane nongoti wezitho zokufakelwa noma udokotela wakho uma izinkinga zilokhu ziqhubeka njalo noma ziholeda ekutheni ube nezilonda ezivulekile. Khumbula, imikhiqizo yasekhaya ejwayelekile, enjengensipho, iziqedaphunga kanye namakha kungakwenza kube kubi kakhulu ukuhlukumezeka kwesikhumba, ngakho-ke yikhethe ngobuhlakani imikhiqizo yakho.



Bukela Ividiyo



WWW.OSSUR.COM

© ÖSSUR, 08.2025, CRE-23044

